

Kwethulwe izincwadi ezizosiza labo abakhathazekile ngenxa ye HIV kwaMashu

Inhlangano ebizwa nge South African Depression, and Anxiety Group isithule ngokusemthethweni izincwadi ezihlose uklinika labo amangakwazi ukufunda ngezinga eliseqophelweni ulwazi mayelana nezempilo kanye ne-HIV. "Lencwadi engeyokuqala lapha eningizimu Afrika, icishizwa inkimbo ebese kudlala izwi lesihlabani sikamabona kude uRosie Motene okhuluma ngolwazi olubalulekile lwezempilo," kusho uJulia Jackaris oyimenenja jikelele kwaSADAG

"Sibambisene

noMnyango weZempilo, sihamuke nalencwadi ikakhulukazi yabantu abanengculazi nabakhathazekile emoyeni," kusho uJackaris I-South African Depression and Anxiety Group (SADAG) yenze ucwaningo ngonyaka odlule olwalukhomba ukuthi abasebenzi abenza iHome Based Care abangu 89% nabo bakhathazekile emoyeni. Kanti ukubhekana nalenkinga kanye nokunika usizo ngokomqondo kubasebenzi kanye neziguli, iSADAG ihlele umbuthano obuxhaswe ngabakwa Lilly

Pharmaceutical Company (SA) kanye noMnyango Wezempilo. Lapho bekuzokwethulwa khona lencwadi emphakathini wa KwaMashu namaphethelo.

Lombuthano obungowokuqala kwemithathu uxhile ekwaziseni ngonobangela wokukhathazeka emoyeni (Depression), izindlela zokuzisiza zona iziguli, ukuqhutshwa kwamaqembu abantu abasekanayo ngokugula emphakathini, kanye nokuzethemba ezigulini, nokuphila impilo okuyiyona kanye nokuba nabangani

abangakucwasi. UWandia Musomba oyimenenja ye Corporate Affairs kwa Lilly Foundation, waseGoli uthe "Siyakuthokozela ukuba yingxeny yaloluhelelo KwaZulu-Natal. Ukunakekelwa ngokomqondo yinto esasele emuva kakhulu okwamanje kulabo abaneHIV/AIDS, abagulayo kanye nababanekekelayo. Ukukhishwa kwalezincwadi kunika ithuba labo abangakwazi ukufunda ithuba lokuzifundela ngokusizakala kwabo." UThambi Dlamini oyi Community Facilitator ekliniki yase Inanda

Newtown "A" uthe njengoba laba abaphethe loluhlelo bebanjwe yizigebengu basebeyothola ukwelashwa ngokomqondo, yena nomunye uzwakwabo kudingeke ukuba athethe izintambo ngolwazi analo lwezempilo. "Kepha zonke izinto zihambe kahle, njengoba bebengu 172 abantu kubalwa nama NGO's aKwaMashu, Inanda naseNtuzuma kulombuthano. Sigxile kwi-Depression emva kokuba uzithole ukuthi unegciwane, nokugqugquzela ukuba nabantu abazokweseka, kanye nokukwazi ukubhekana neDepression emphakathini."